



**Solw. Heidi van Rooyen**  
Isikhulu Esiphezulu Sesikhungo

## Isikhungo i-Impact Centre

**YINI IMITHELELA?** Lona umbuzo obukeka sengathi ulula, kodwa ngisho izinhlangano zamazwe omhlaba jikelele ziyazabalaza ukulinganisa, ukwenza umkhawulo encazelweni yegama, nokuchaza 'umthelela'. Alikwazi ukulinganiswa ngokonxa olulodwa ngoba ezinye izehlakalo eziningi nabasebenzisanyo kungenzeka bafake isandla emtheleleni wokugcina emphakathini. Inhlango ingasho kanjani-ke ukuthi 'Sikwenzile lokho' ngokuzethemba? Lona omunye wemibuzo ebalulekile Isikhungo Somthelela esijutshelwe ukuthi sikubheke. Omunye, ukuthi umthelela ubukeka kanjani eNingizimu Afrika nase-Afrika, wehluka kanjani nemazweni athuthukile? Yiziphi ezinye izindlela eziyinqayizivele esiletha ngazo izinto kuleli zwekazi ezingaba usizo ngayo engxoxweni yomhlaba jikelele nokuqonda umthelela? Uma kubhekwa kweminye imibhalo, isikhungo siye semukela lokhu okulandelayo njengencazelo yomthelela: Incazelo ephakanyiswayo yobudlelwano phakathi kwezinto ezehlukene nokubheka izinto ezingafani ezidinga incazelo kokusebenzisa ucwawano njengendlela yokwenza umehluko owusizo empilweni yomuntu.

**Isikhungo i-Impact Centre siyingxenye ye-Human Sciences Research Council (HSRC) Lusebenzela iNingizimu Afrika iminyaka engaphezu kwengama-50, i-HSRC yisikhungo esikhulukazi socwawano e-Afrika esigxile kwezayansi ephathelene nomphakathi nabantu. Lukhiqiza futhi lusabalalise ulwazi olunegalelo kwinqubomgomo nezinhlelo ekunciphiseni ububha, izixazululo ekunciphiseni isikhala esidalwa ukungalingani nokuqhamuka nokusha ekudaleni amathuba omsebenzi. Lungaphezu kokuba umdali wocwawano nje, izimpiko ze-HSRC nezikhungo zisebenzela ekusetshenziselweni kocwawano inqubomgomo nomthelela. Ukusebenzisana nokubambisana kubaluleke kakhulu kwinhlosongqangi kanti kufaka izinhlangano zasezweni, zasesifundeni, nezomphakathi wamazwe omhlaba, ezizimele nezomphakathi.**

Isikhungo i-Impact Centre se-HSRC sazalwa ngokuguqulwa kwesimo se-HSRC ngakuqaleni kuka-2020. Isikhungo sibhekana nokukhula kwesidingo somsebenzi wababambiqhaza oHlelweni Lukazwelonke Lokuqhamuka Nokusha ukuthi ubonakale kakhulu, ngesikhathi sikhombisa ngokusobala umthelela wabo - umehluko obambekayo abawenzayo - emphakathini ongazi kahle ngesayensi.

Inhlosongqangi yesikhungo i-Impact Centre ukuthola izindlela zokubona, amakhono nokusebenzisana okwehlukahlukene, ukulinganisa nokukhuluma ngocwawano olunomthelela kwizinsalelo ezibalulekile ezibhekene neNingizimu Afrika nomhlaba.

### Umsebenzi wethu

Ngaphakathi, isikhungo i-Impact Centre sisebenzisana kakhulu ne-HSRC yonkana. Ngaphandle, sihlolise ukuba sendaweni yobuhlo obucabangisayo bese buphendula imicabango iba yizixazululo eziqhutshwa ukwenza emtheleleni ngaphakathi koHlelo Lukazwelonke Lokuqhamuka Nokusha ngokubanzi, futhi lube umholi oveza umqondo okhombisa ukuthi unolwazi emkhakheni othile wamazwe omhlaba endaweni yocwawano olunomthelela.

Lokhu kusho ukusebenza nalabo abanomthelela nabathintwa yinhlangano bomkhakha kahulumeni nozimele ukuthuthukisa ukuqonda ubufakazi obuphathelene nezayansi; ukukhuthaza igxoxompikiswano yomphakathi nokubamba iqhaza ngokuxhumana nokusabalalisa lokho okutholakele okwakhelwe eqinisweni kulabo abanomthelela nabathintwa yinhlangano nemiphakathi; ukwenza amaphrojekthi anokuqamba okuthile nenziwa ngesikhathi esifanele nanomthelela; ukwenza ngcono ukufinyelela, ukusetshenziswa nokuthathwa kolwazi; ukwenza ngcono ubunikazi bomphakathi nokusebenzisa ucwawano; nokukhuthaza ukufundwa kwenqubomgomo, ukuqhamuka nokusha, kanye nokwenza.

*Ngesikhathi izinga lokubandakanyeka kwalabo abanomthelela nabathintwa yinhlangano abanezizathu zokubandakanyeka kuyo abalindele ukuhlomula lilikhulu emkhakheni wocwawano, yingesikhathi kunamathuba amakhulu okuthi ulwazi olusha okuqhanyukwe nalo luzosetshenziswa, ukuthi abanomthelela nabathintwa yinhlangano abanezizathu zokubandakanyeka kuyo abalindele ukuhlomula bazobona futhi baqonde umthelela, ukuthi amaphrojekthi ocwawano abalulekile angafakelwa izimali ezikhathini eziyiminyaka eminingi, nokuthi ucwawano olwesekekile lungaholela ekubeni nomthelela emiphakathini.*

## Izindawo okugxilwe kuzo

<b>Ezesayensi nomphakathi</b>	Ukwakha umqondo wokuthile nokuqonda umthelela nokuthi kusho ukuthini ukwenza ucwaningo lapho ukukhiqiza ulwazi, esimweni sezindaba ezingelona iqiniso nomsebenzi wokushintsha wocwaningo, kuyaguquka. Lokhu ngabe kusho ukuthini emtheleleni nokuthi yiziphi izinsizakusebenza abacwaningi abazidingayo manje?
<b>Ukuhlolwa komthelela</b>	Ukugxila ezintweni eziphathelele nohlelo lwezindlela ezisetshenziswa emkhakheni othile wocwaningo, isibonelo, umthelela ulinganiswa kanjani hhayi kuphela mayelana nobungako bokuthile, kodwa futhi mayelana nobunjalo bokuthile. Ukubheka ikakhulukazi kwizinhlobo ezinkulu ze-HSRC, njenge-HIV nokutholakala kokudla. Ukubhekisa ezinye izindlela zezindlela ezisetshenziswa emkhakheni othile wocwaningo zesayensi ephathelele nomphakathi ukuqonda nokulinganisa umthelela ngendlela eyiyo.
<b>Ukwenza izivumelwano zokusebenzisana</b>	Umsebenzi we-HSRC udinga ukuthi kusetshenzwe nalabo abanomthelela nabathintwa yinhlangano abanengi - kusukela kwabafaka izimali, kuya kuhulumeni neminye imikhandlu yezesayensi. Ibheka okungasebenza kangcono ekubekeni ucwaningo lwe-HSRC esimweni esingcono ukwenzela ukuhlomula nomthelela okufisakalayo. Okubalulekile ukwenza okusetshenziswa nabo ukuthi basheshe bahlanganyele ocwaningweni, bacabange kabanzi ngokunesu mayelana nokusebenzisana okuqhutshwa izimiso.
<b>Ukuxhumana</b>	Ukubheka izindlela ezingcono ukuhumusha, ukusabalalisa nokwabelana ngokutholakale ocwaningweni nomhlaba wonke. Ukubonakala nokuqonda kungandiswa kanjani ngokusebenzisa zonke izindlela ezikhona kulesi sikhathi sekhompyutha ne-intanethi. Kufaka ukunikeza abacwaningi amandla ukwenza umsebenzi wabo ukuthi kufinyelele kuwo.

### OKUBALULEKE KAKHULU:

Umthelela akuwona umsebenzi wesikhungo i-Impact Centre. Umcwaningi ngamunye unikezwe umsebenzi wokuhlola ucwaningo lwakhe olunomthelela engqondweni. Uguqula ngokubalulekile indlela esenza ngayo ucwaningo nendlela esibandakanya ngayo umphakathi. Uphonsela abacwaningi inselelo ukuthi bacabange ngomsebenzi wabo oguqukayo njengabakhiqizi bolwazi.

### Incazelo emfishane yephrojekthi

- Ngengxenywe enkulu yomsebenzi wesikhungo i-Impact Centre ogxile ngaphakathi, kwenza umqondo ukuthi lokho okubalulekile kwenzela ukusiza abacwaningi ukuthi bacabange ngemisebenzi yabo futhi baqonde umsebenzi wabakhiqizi bolwazi ekubeni nomthelela, ekuguquleni nasekuxhumaneni nomphakathi ngokubanzi.
- Ngaphandle, isikhungo sibheka ukuthi singasheshe sikugxilise kangcono kanjani ukugcizelela emtheleleni kumaphrojekthi ocwaningo. Isibonelo, ohlelweni neNyuvesi yeseKapa, iqoqo lososayensi bezemvelo babheka ezintweni eziphathelele nokuguquka kwesimo sezulu esimweni senqubomgomo yobulili. Lesi isibonelo esihle sephrojekthi yeminyaka emihlanu lapho ithimba lomthelela lizofakwa kwiphrojekthi zisuka nje. Iphrojekthi ibandakanya amazwe amaningi ase-Afrika kucatshangwa ukuthi ngabe akuhumusha kanjani lokho okutholwe inqubomgomo; ngabe i-African Union nabanye abanomthelela nabathintwa yinhlangano kuzwelonke nasesifundeni kungaxhunywana kanjani nabo ngokuguquka kwesimo sezulu; kungenziwa kangcono kanjani ukuthi kwenzeka umsebenzi ofisekayo; nokuthi umthelela wayo wokuqapha, ukuhlola nokuhlola umthelela, noma okukhulunywayo koguquko kuyingxenywe kanjani yomthelela. Okokugcina, ukuhlolwa ukuthi ngabe impumela kufanele kukhulunywe kanjani ngayo futhi isatshalaliswe kudala zonke izinto eziphathelele nesikhungo i-Impact Centre.
- Amaphrojekthi agxile ekukhulumeni ngezesayensi nezintatheli nabaxhumanisi bezempilo, izindlela zokuhlaziya nokukwela ulwazi oluphathelele nezifo nokwelashwa kwazo olubalulekile ukwenzela ukuhlizeka ukunakekelwa kweziguli okusezingeni ngesikhathi sobhubhane i-COVID-19, nezinhlelo zekhompyutha namalungelo abantu e-Afrika.
- Omunye umsebenzi ufaka ukwenza imiyalo yenqubomgomo, ukusingathwa kochunge lwemihlangano yokubonisana, ukuqaliswa kokusebenza kohlaka lokukhuluma ngocwaningo/ inqubomgomo okusemthethweni, ucwaningo oluhlola noluhlanganisa izindlela ezehlukene zokulinganisa umthelela, ukusingatha izindlela zokuxhumana ezehlukene zangaphakathi nangaphandle nezokukhulumisana.

*Ngobekuvame ukwenzeka esikhathini esingaphambili, ezindaweni zezemfundo nezocwaningo, umthelela ubulinganiswa ngendlela enomkhawulo. Isibonelo ngokubuka kokucashunwe kwezemfundo, izishicilelo ezisemibhalweni yezemfundo ezinomthelela omkhulu, njll. Manje, sinentshisekelo enkulu ekuthini ngabe ucwaningo lunomthelela kanjani emphakathini; umsebenzi esiwenzayo kufanele uthinte izimpilo, noma ngabe lokho kusho ushintsho endleleni yokucabanga noma yokwenza. Singawulinganisa - singabuka ukuthi kwenzekeni ngaphambilini nakamva? Futhi, singenza okwethu futhi sifunde kulokho okuyincazelo kwezindlela zokwenza ezikhona ezingcono, sakhele abanye insizakusebenza ukuthi bayisebenzise? Yiliphi iqhaza elingabanjwa okulanda indaba okuvelayo?*

~ Sol. Heidi van Rooyen, Isikhulu Esiphezulu Sesikhungo